



IMANUWALI YOKUKHUTHAZWA KOKUFINYELELEKA
KOLWAZI

Ireferensi Yombhalo	6
Inombolo Yenguqulelo	8
Umgcini	Umthetho
Igunyazwe yi-	OPSCOM
Usuku lokuqala ukusebenza	1 kuNhlolanja 2025

***IMANUWALI YONYAKA WE-2025 YOMTHETHO WOKUKHUTHAZWA KOKUFINYELELEKA
KOLWAZI WONYAKA WE-2000***

IMANUWALI NGOKWE-SAHLUKO SE-14 SOMTHETHO
WOKUKHUTHAZWA KOKUFINYELELEKA KOLWAZI WONYAKA WE-
2000

ISANDULELO

IsaHluko sama-32 soMthethosisekelo waseNingizimu Africa sigcine ilungelo lokukufinyeleleka olwazini olugcinwe imigwamanda kahulumeni neyangasese. Ngenxa yalokhu, uMthetho Wokukhuthaza Ukufinyeleleka Kolwazi (uMthetho) wenziwa ukuba ube ngumthetho ukuze kuqale ukusebenza ilungelo lokufinyeleleka kolwazi ngokuchaza izindlela ulwazi lwemigwamanda kahulumeni neyangasese olungafinyelelwa ngayo.

Ngakolunye uhlangothi, uMthetho Wokuvikelwa koLwazi lomuntu Siqu wesi-4 wonyaka we-2013 (i-POPIA), ufuna ukufeza ilungelo lobumfihlo kwisahluko se-14 soMthethosisekelo, ikakhulukazi, njengoba sihlobene nolwazi lobuqu. I-POPIA iphinda iqinisekise ilungelo lawo wonke umuntu lobumfihlo bemniningwane nokuthi umniningwane wakhe wobuntu siqu noma ulwazi lwakhe lusetshenziselwa kuphela injongo ethile echaziwe futhi lungeke ladalulwa kwabanye ngaphandle kwemvume noma inhloso esemthethweni.

Ekulinganiseni kwezidingo zelungelo lobumfihlo nelungelo lokufinyeleleka kolwazi, kunemikhawulo ekufezeni amalungelo omphakathi ashiwo kwisaHluko sama-36 nese-14 soMthethosisekelo nesaHluko sama-33-45 zoMthetho, kanye nalezo ezichazwe kwi-POPIA. LoMthetho ubeka izizathu lapho umgwamanda kahulumeni noma wangasese ungavuma ungafinyeleleka olwazini, ngenkathi i-POPIA ibeka izizathu lapho ulwazi lobuqu lungahlanganiswa khona, lusetshenziswe futhi/noma ludluliselwe kwabanye.

IsaHluko se-10 soMthetho sidinga ukuthi iKhomishani Yamalungelo EsiNtu YaseNingizimu Afrika (i-SAHRC) yakhe futhi ishicilele umhlahlandlela oqondakala kalula wokusiza abantu ukuba bathole ukufinyeleleka kumarekhodi nemibhalo, futhi basebenzise ilungelo labo lokufinyeleleka kolwazi. Umhlahlandlela, ozofakwa ulwazi olusha okungenani kanye eminyakeni emibili, uhlinzeka abasebenzisi ulwazi oludingekayo lokufinyeleleka kunanoma yimaphi amarekhodi.

Ukwengeza kwisaHluko se-10, lo Mthetho udinga ukuthi yomibili imigwamanda okahulumeni nowangasese ngamunye ukhiqize incwadi yomhlahlandlela enolwazi lokuthi amalungu omphakathi angawusebenzisa kanjani uMthetho ukuthola amarekhodi yawo.

Ngokukhethekile, isaHluko se-14 soMthetho sidinga ukuthi yonke imigwamanda kahulumeni ngamunye ushicilele lomhlanhlandlela okungenani ngezilimi ezintathu ezisemthethweni

ukusiza abacela ulwazi kulowo mgwamanda othintekayo.

IBhodi Elizimele Elilawulayo Labacwaningimabhuku (i-IRBA) liwuhlaka lukahulumeni, njengoba kutholakal esahlukweni se-14 soMthetho, lihlanganise lencwadi yomhlahlandlela ngokuhlonipha leso sahluko futhi njengendlela yokwenza lula ukufinyeleleka komphakathi olwazini/kumarekhodi agcinwe yilo.

Ngaphezu kwalokhu okungenhla, i-IRBA inethemba lokuthi, ngokuzibophezela emgqeni nomoya womthetho, izosiza ekuthuthukisweni kokungafihli lutho nokubeka izibopho obala, kanye nokuphathwa kahle okusebenzayo emkhakheni kahulumeni.

A. IMINININGWANE NGOKWESAHUKO SE-14 SOMTHETHO

1. IMISEBENZI YE-IRBA [Isahluko se-14(1)(a)]

I-IRBA yaziwa njengomuntu ngokomthetho, yasungulwa ngokwesahluko se-3 soMthetho Wezikhungo Zabacwaningimabhuku wama-26 wonyaka we-2005 (i-APA).

1.1 Imisebenzi jikelele

I-IRBA igunyazwe ukuba:

1.1.1 Ithathe izinyathelo zokukhuthaza ubuqotho emsebenzini wokucwaninga amabhuku, okubandakanya:

1.1.1.1 Ukuphenya ngezinsolo ngokuziphatha okungafanele ;

1.1.1.2 Ibambe imihlangano yokuqondiswa kwezigwegwe;

1.1.1.3 Ukukhipha isijeziso ngokuziphatha okungafanele; futhi

1.1.1.4 Nokwenza ukuhlolwa.

1.1.2 Ukuthatha izinyathelo ezidingekayo ukuvikela umphakathi ekusebenzisane kwayo nabacwaningi-mabhuku ababhalisiwe (ama-RA).

1.1.3 Ukubeka amazinga okusebenza, inkambiso enhle, izimiso nokuziphatha kwabacwaningi-mabhuku ababhalisiwe.

1.1.4 Ukukhuthaz imfundo mayelana, kanye nocwango, kunoma yiluphi udaba oluthinta umsebenzi wokucwaningwa kwamabhuku.

1.1.5 Ukubeka amazinga ocwango-mabhuku.

1.2 Imisebenzi maqondana nokuqinisekiswa kwezinhlangano ezisemthethweni

I-IRBA, ngokuya nge-APA:

- 1.2.1 Inquma izimfuneko eziyisisekelo zokuqinisekiswa kwezinhlangano ezisemthethweni, ngaphezu kwalezo ezinikezwe ku-APA,;
- 1.2.2 Icubungula isicelo sokuqinisekiswa futhi inqume ngokuthi ikeze lokho kuqinisekiswa noma cha;
- 1.2.3 Ibeka isikhathi sokuba semthethweni kokuqinisekisa;
- 1.2.4 Igcina irejista yezinhlangano ezisemthethweni; futhi
- 1.2.5 Iqeda ukuqinisekiswa kwezinhlangano ezisemthethweni ngokwe-APA.

1.3 Imisebenzi maqondana nokubhaliswa kwabacwaningimabhuku

I-IRBA, ngokuya nge-APA:

- 1.3.1 Inquma iziqu zemfundo eziphansi, amazinga okufaneleka kanye nezidingo zokubhaliswa kwabacwaningimabhuku kanye nabangahle babe abacwaningimabhuku, ngaphezu kwalokho okuhlinzekwe ku-APA.
- 1.3.2 Icubungula futhi inqume nganoma yisiphi isicelo sokubhaliswa kwabacwaningimabhuku kanye nabazoba abacwaningimabhuku.
- 1.3.3 Ibeka isikhathi sokuba semthethweni kokubhaliswa kwabacwaningimabhuku ababhalisiwe kanye nabazoba abacwaningimabhuku ababhalisiwe (ama-RCA)
- 1.3.4 Igcina irejista yama-RA kanye nama-RCA;
- 1.3.5 Iqinisekisa ukuthi irejista yama-RA kanye nama-RCA ngazo zonke izikhathi ezivumelekile ivulelekile ukuthi ihlolwe yinoma yiliphi ilungu lomphakathi.
- 1.3.6 Iqeda ukubhaliswa kwama-RA kanye nama-RCA ngokwemigomo ye-APA.
- 1.3.7 Inquma izimfuneko eziyisisekelo zokuvuselelwa kokubhaliswa nezokubhaliswa kabusha.

1.4 Imisebenzi maqondana nemfundo, ukuqeqeshwa nokuthuthukiswa kobuchwepheshe

I-IRBA:

- 1.4.1 Ngokuphelele noma ngokwengxenye, yamukele futhi/noma ihoxise ukwamukela kwayo iziqu noma kwezinhlelo zemfundo noma kwemfundo eqhubekayo, ukuqeqeshwa kanye nezinhlelo zokuthuthukiswa kobungcweti emsebenzini wokucwaningwa kwamabhuku ezikhungo zemfundo kanye nezinhlangano eziqinisekisiwe ezisemthethweni.


- 1.4.2 Yamukela futhi/noma ihoxise ukwamukelwa kwanoma iyiphi inhlangothi esemthethweni eqinisekisiwe ukwenza nanoma yikuphi ukuhlolwa okufanele okulindelwe kwiSahluko sama-37 se-APA noma kunanoma yikuphi ukuhlola.
- 1.4.3 Ibeka izidingo nezimo eziphathelele nohlobo nobungako bemfundo eqhubekayo, ukuqeqeshwa kanye nokuthuthuka kobungcweti.
- 1.4.4 Inquma izidingo zokuqeqeshwa, kubandakanya, kepha kungapheleli, kwisikhathi sokuqeqeshwa kanye nohlobo lwezivumelwano zokuqeqesha.
- 1.4.5 Ivumela futhi ibhalise izivumelwano zokuqeqesha ezenziwa ngabafuna ukuba abacwaningimabhuku ababhalisiwe.
- 1.4.6 Ibeka izidingo zokufaneleka.
- 1.4.7 Yamukela noma ihoxise ukwamukelwa kwama-RA njengezikhulu zokuqeqesha okunemibandela noma ngaphandle kwemibandela.

1.5 Imisebenzi maqondana nezimali nezindleko ezikhokhiswayo

I-IRBA ibeka:

- 1.5.1 Ukuqinisekiswa, ukubhaliswa, ukuvuselelwa kokubhalisa kanye nemali yokubhalisa kabusha.
- 1.5.2 Izimali ezikhokhwa minyaka yonke.
- 1.5.3 Umlamula juqu wkokukhokhwa kwezimali.
- 1.5.4 Isisekelo sezimali ezikhokhwayo ngokwe-APA.
- 1.5.5 Izimali ezikhokhwayo nganoma iluphi olunye usizo olunikezwa yi-IRBA (kubandakanya izimali zokuphatha).
- 1.5.6 I-IRBA inganikeza ithuba lokungakhokhiswa nanoma yiziphi izimali okukhulunywe ngazo ngenhla.

2. ISAKHIWO ESIKHULU SE-IRBA [Isahluko sama-14(1)(a)(i)]



3. IMINININGWANE YOKUXHUMANA NABAGCINILWAZI [Isahluko se-14(1)(a)(ii)]

- 3.1 Isikhulu esiphezulu esiphethe e -IRBA singumlawuli onguMggcinilwazi okhethwe ngokoMthetho.
- 3.2 NgokweSahluko se-17, i-IRBA ikhethe uMqondisi Wezomthetho njengeSekela-Mgcinilwazi, ozobhekela izicelo zokufinyeleleka kumarekhodi.
- 3.3 Uma ufisa ukwenza isicelo sokufinyeleleka kumarekhodi e-IRBA, isicelo sakho sifanele sibhekiswe kuSekela-Mgcinilwazi. Ukudluliswa kodaba lwakho kungabhekiswa kuMgcinilwazi.

uMgcinilwazi

Igama: Imre Nagy

Ucingo: +27 10 496 0562

I-imeyili: board@irba.co.za

USekela-Mgcinilwazi

Igama: Rebecca Motsepe

Ucingo: +27 10 496 0605

I-imeyili: paia@irba.co.za

- 3.4 Yonke imibuzo kanye/noma izicelo zifanele zenziwe ngesikhathi sezinsuku zokusebenza futhi nangamahora okusebenza.
- 3.5 UMgcinilwazi/uSekela-Mgcinilwazi we-IRBA basebenzisa ikheli lendawo neleposi elifanayo.

Ikheli Lendawo

Building 2
Greenstone Hill Office Park
Greenstone Hill
1609

Ikheli Leposi

PO Box 8237
Greenstone Hill
1616

Iwebhusayithi: www.irba.co.za

4. UMHLAHLANDLELA NGOKWESAHLUKO SE-10 SOMTHETHO [iSahluko se-14(1)(b)(i)]

- 4.1 UMhlahlandlela oqukethe ulwazi lokukusiza ekuqondeni ukuthi uwasebenzisa kanjani amalungelo akho ngokwe-PAIA (“uMhlahlandlela”) uyatholakala ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. UMhlahlandlela okwamanje uyatholakala kulendawo elandelayo:

https://inforegulator.org.za/wp-content/uploads/2020/07/PAIA-Guide-English_20210905.pdf

- 4.2 Uma unanoma imiphi imibuzo, noma udinga ikhophi yalo Mhlahlandlela, sicela uxhumane noMlawuli Wolwazi ngqo lapha:

Umlawuli Wolwazi (Ningizimi Afrika)

JD House, 27 Stiemens Street, Braamfontein, Johannesburg, 2001

P.O Box 31533, Braamfontein, Johannesburg,

2017 I-imeyili yokukhalaza: [mailto:](mailto:PAIAComplaints@info regulator.org.za)

PAIAComplaints@info regulator.org.za

AIAComplaints@info regulator.org.za

Imibuzo ejwayelekile:

enquiries@info regulator.org.za

enquiries@info regulator.org.za

Inombolo yokuxhumana: 010 023 5200

5. INKAMBISO YOKUCELA UKUFINYELELEKA KOLWAZI/KWAMAREKHODI [Isahluko se-14(1)]

- 5.1 Nanoma yimuphi umuntu, kungaba owemvelo noma isazimthetho, angafaka isicelo ngokoMthetho sokusokufinyeleleka kolwazi.
- 5.2 Umfakisicelo angafaka isicelo egameni lakhe noma egameni lomunye umuntu.
- 5.3 Umfakisicelo ufanele asebenzise ifomu elimisiwe, elifakwe lapha ngaphansi kweNgxenye C futhi elimakwe

uFomu 2, ukufaka isicelo sokufinyeleleka kolwazi.

- 5.4 Isicelo sifanele sifake phakathi lolu lwazi oluncane olulandelayo:

ULWAZI OLUDINGEKAYO INCAZELO	INCAZELO
Imininingwane yomfakisicelo	Imininingwane eyanele mayelana nomfakisicelo ukuze kuqinisekiswa ukuthi umfakisicelo uphawuleka kalula. Ulwazi lufanele lubandakanye imininingwane yokuxhumana yomfakisicelo, isib. ikheli leposi, ikheli le-imeyili, ifeksi kanye/noma <i>Inombolo yocingo.</i>

Imininingwane yerekhodi elicelwayo	Imininingwane eyanele maqondana nerekhodi ukwenza kube lula ukuliphawula.
Indlela yokufinyeleleka kwirekhodi	Incazelo yohlobo noma indlela irekhodi okufanele linikezwe noma lenziwe lifinyeleleke ngayo.
Indlela yokwazisa umfakisicelo ngokufinyeleleka	Indlela umfakisicelo afisa ngayo ukwaziswa ngesinqumo se-IRBA maqondana nesicelo.
Ukukhethwa kolimi	Ulimi umfakisicelo afisa ukuthola ngalo irekhodi eliceliwe. ¹
Isikhundla somuntu ogunyaziwe owenza isicelo	Uma isicelo senzela omunye umuntu, ubufakazi besikhundla isicelo esenziwa ngaso kanye/noma igunya lokwenza lesi sicelo.

- 5.5 Abafakizicelo abangakwazi ukufunda noma ukubhala bangenza izicelo zomlomo kuSekela-Mgcinilwazi, oyogcwalisa iFomu 2 egameni lomfakisicelo.
- 5.6 Isicelo sifanele sibhekiswe kuSekela-Mgcinilwazi, omininingwane yakhe inikeziwe endimeni yesi-3 ngenhla.
- 5.7 Isicelo singathunyelwa ngesandla, sithunyelwe ngeposi, sithunyelwe ngefeksi noma sithunyelwe nge-imeyili.
- 5.8 Izicelo zocingo nezingahlelekile zizokwamukelwa kuphela maqondana namarekhodi abekwe endimeni yesi-7 ngezansi.
- 5.9 Imininingwane esefomini elimisiwe ifanele inikezwe ngendlela eyanelisa uSekela-Mgcinilwazi noma uMgcinilwazi, uma kungenjalo, isicelo sizobambezeleka kuze kufike isikhathi lapho leyo mininingwane iphelele.
- 5.10 Umfakisicelo kudingeka ukuba akhokhe imali emiswe eSahlukweni B, maqondana nesicelo serekhodi.
- 5.11 Yize kunemali yesicelo ekhokhwa ngokwesigaba sesi- 5.10 ngenhla, umfakisicelo angahle, uma enikezwe imvume yokufinyeleleka kwirekhodi eliceliwe, adingeke ukuba akhokhe ezinye izimali ezichazwe eSahlukweni B zokukhiqiza kabusha, ukucinga kanye nokulungiswa kwamarekhodi noma zokusebenza okuhlobene nerekhodi eliceliwe.
- 5.12 USekela-Mgcinilwazi uzokwazisa umfakisicelo ukuthi akhokhe imali emiswe (uma

¹ Ngaphezu kolimi olukhethiwe, i-IRBA izohlinzeka kuphela irekhodi ngolimi oluceliwe, uma irekhodi likhona ngalolo limi.

ikhona) ngaphambi kokuqhubeka nokusetshenzwa kwesicelo.

- 5.13 USekela-Mgcinilwazi uzokwazisa umfakisicelo ngesinqumo se-IRBA zingakapheli izinsuku ezingama-30 ethole isicelo, noma engandisa leso sikhathi, ngesaziso esiya kumfakisicelo, ngesinye isikhathi esingeqi ezinsukwini ezingama-30.
- 5.14 Isikhathi lapho uSekela-Mgcinilwazi efanele azise umfakisicelo ngesinqumo sizokwelulwa ngale ndlela, ngaphezu kwesikhathi esishiwo esigabeni sesi-5.13 ngenhla, njengoba kungadingeka ukuba kunikezwe ingxenye yesithathu ithuba lokwenza izethulo kuSekela-Mgcinilwazi lapho irekhodi eliceliwe liphathelene namarekhodi neminingwane yomunye umuntualeyo ngxenye yesithathu.
- 5.15 Izikhathi ezimiswe nguMthetho ngeke ziqale kuze kufike isikhathi lapho uSekela-Mgcinilwazi kanye/noma noMgcinilwazi benelisekile ukuthi yonke iminingwane efanele inikezwe i-IRBA ngumfakisicelo.
- 5.16 Ngaphandle kwesicelo sokufinyeleleka kunoma yiliphi irekhodi elisohlwini esigabeni sesi-6 ngezansi, ukufinyeleleka kwirekhodi eliceliwe, noma kwingxenye yalo, kungenqatshwa ngezizathu ezibekwe eMthethweni.

6. IZIHLOKO OKUGCINWE NGAZO I-IRBA AMAREKHODI NEZINHLOBO ZAMAREKHODI ASEGCINIWE [Isahluko se-14(1)(b)(ii)]

I-IRBA igcine amarekhodi alandelayo kuyo:

6.1 Abaphathi

IZIHLOKO	IZIGABA ZOLWAZI
IBhodi Nemihlangano Yebhodi	Imininingwane yaMalungu Ebhodi.
	Izincwadi Zokuqokwa Kwamalungu Ebhodi
	Ama-ajenda emihlangano namaqoqo emihlangano.
	Irejista yababekhona.
	Izinqumo ezithathiwe.
	Ukudluliswa Kwamandla.
	Amaminithi emihlangano nezincwadi zamaminithi.
	Imibono itholakele.
	Ukuxhumana ngezincwadi, amamemorandamu, izethulo.
	Imithetho yokuziphatha esayinwe ngaMalaungu Ebhodi.
	Isimemezelo sentshisekelo esisayinwe aMalungu Ebhodi.

IKomidi Locwaningo-mabhuku Nelengozi (i-ARMCO) Nemihlangano ye-ARMCO	Imininingwane yamalungu amakomidi.
	Ama-ajenda emihlangano namaqoqo emihlangano.
	Irejista yababekhona.
	Izinqumo ezithathiwe.
	Amaminithi emihlangano nezincwadi zamaminithi.
	Imibono itholakele.
	Ukuxhumana ngezincwadi, amamemorandamu, izethulo.
IKomidi Lemisebenzi (i-OPSCOM) Nemihlangano ye-OPSCOM	Imininingwane yamalungu amakomidi.
	Ama-ajenda emihlangano namaqoqo emihlangano.
	Irejista yababekhona.
	Amaminithi emihlangano nezincwadi zamaminithi.
	Imibono itholakele.
	Ukuxhumana ngezincwadi, amamemorandamu, izethulo.
Amanyuziletha	Amapheshana ezindaba e-IRBA.
Iwebhusayithi	Ukucinga kwamalungu – indlela yokucinga ama-RA kanye namafemu ocwaningomabhuku abhalisiwe.
	Ezomthetho – i-APA, imithetho yokuqondisa izigwegwe, imithetho maqondana nokuziphatha okungafanele, iNqubomgomo maqondana noKuhlehliswa Kokulalelwa Kwemihlangano Yokuqondiswa Kwezigwegwe Nokuphoqeelwa Kwemibiko
	Uphenyo – ungasifaka kanjani isikhalazo
	Ukubhalisa – ubhalisa kanjani njenge-RA futhi njengefemu, kubandakanya amafomu ezicelo, ungasifaka kanjani isimo sibe isiqinisekiso.
	Imfundo Noguquko – ulwazi olujwayelekile endleleni yokuba yi-RA kanye nokuthi ungabhalisa kanjani njenge-RCA, kubandakanya imininingwane nemithetho yokuhlola.
	Uphenyo – imininingwane ngezici ezahlukahlukene zophenyo, kubandakanya imidanti yokuphatha, yezokuxhumana kanye kanye neMibiko Yokuhlola

	komphakathi.
	Izimemezelo Zocwaningomabhuku – Isimo Nokugunyazwa Okumenyezelwa Kocwaningomabhuku. INqubomgomo Yenqubo elindelekile ye-CFAS, ezinye izimemezelo zocwaningomabhuku, okusalungiswa kokubekeka, izinsuku zemihlangano, imibiko ekhombisa ukulawula, ukuxhumana kanye nesu, imihlahlandlela ethile yezimboni, izexwayiso zokwenza kanye nolwazi lweZinkomba olusezingeni Yocwaningomabhuku.
	Imithetho Maqondana Nokuziphatha Okungafanele kanye neMthetho Yokuziphatha Okufanelekile Kwabacwangimabhuku Ababhalisiwe kanye nezimemezelo.
	UMthetho Wocwaningomabhuku Lokuqashiswa, kubandakanya nezimemezelo.
	UMthetho Wocwaningomabhuku Lokujikeleziswa Kwamafemu, kubandakanya nezimemezelo.
	Izinkinga Ezitholiwe Ezibikwayo – Umhlahlandlela Wezinkinga Ezitholiwe Ezibikwayo (2025), imibiko yonyaka, izincwadi zesifanekiso kanye nezimemezelo.
	Izindaba – izinto ezahlukahlukene ezivusa intshisekelo, kubandakanya imibiko yabezindaba namakhophi e- elekhtronikhi yezindaba ze-IRBA.
	Imininingwane yokuxhumana yegatsha.
	Izidingo zemfundo eqhubekayo, ukuqeqeshwa kanye nokuthuthuka kobungcweti – iNqubomgomo Yokuthuthukiswa Kobuchwepheshe Okuqhubekayo (i- CPD) yonyaka we-2020.
	Isizindalwazi soHlelo Lokuthuthukiswa Kocwaningomabhuku (i-ADP), equkethe imininingwane elandelayo: • Indlela yokuba yi-RA;

	• Inqubo ye-ADP; • Imininingwane yokuhlola; kanye • Namafomu okufaka isicelo.
	IManuwali yoMklamo wokuqinisekiswa kwezinhlangano ezisemthethweni.
	Imininingwane yezinhlangano ezisemthethweni eziqinisekisiwe.
	UMthetho i-POPIA – • UMthetho Wokuvikelwa Kolwazi Lobuqu wesi-4 wonyaka we-2013 • Izimso eziphathelele noKuvikelwa Kolwazi Lobuqu • Izaziso Zokucutshungulwa: ISaziso Sokucutshungulwa Yihhovisi Likanobhala Webhodi; iSaziso Sokucutshungulwa yi-HR; iSaziso Sokucutshungulwa Ngabokuthenga Nokuzithengisa; uKucutshungulwa Kwesaziso Sabacwaningimabhuku Nezinhlango ezisemthethweni; iSaziso Sokucutshungulwa Kwezokuphepha • Izivumelwano Zabasebenzisi • Amafomu Abanikazi Bolwazi
Incwadi yokucacisa Ye-elektroniki Yolwazi lwaBacwaningimabhuku Ababhalisiwe ekhishwe yi-IRBA	I-APA
	Izinguquko kuModeli Yokuqinisekisa kanye nezidingo zokuqinisekiswa.
	I-ADP
	Imithetho yokuqondiswa kwezigwegwe.
	INqubomgomo maqondana noKuhlehliswa Kwemihlangano Yokuqondiswa Kwezigwegwe.
	Imithetho Mayelana Nokuziphatha Okungafanele.
	Imithetho Yokuziphatha Okusemthethweni.
	Ukuphenya.
	Amazinga ocwaningomabhuku kanye nemihlahlandlela.
	Umhlahlandlela ngokugunyazwa kokusayina, ukuqamba

	imihlangano nezinto zokubhala.
	Amasekhula ajwayelekile.
Imibiko Yonyaka	Amalungu ebhodi Nolwazi lokuphatha.
	Umlayezo ovela kuNgqongqoshe Wezezimali.
	ISendlalo sikaSihlalo Webhodi.
	Ukukha phezulu kuka-CEO.
	Ukukhiwa phezulu kwamasu.
	Ukwakheka kwenhlangano.
	Izibalo – ama-RA, abagcini bama-akhawunti abaqeqeshwayo.
	Impendulo evela kosihlalo bamakomidi asemthethweni.
	Imininingwane ngensebenzo
	Izitatimende zonyaka zezezimali ezinziwe ucwaningomabhuku.
Ezezimali ze-IRBA.	Izabelomali.
	Ulwazi olugciniwe lokuphathwa kwezimali..
	Ukuphathwa kwama-akhawunti.
	Irejista yempahla engaphatheki.
	Imininingwane ye-akhawunti yasebhange.
Ukutholakala kwezinsiza nezentengiselwano	Imibhalo yamabhidi.
	Izicelo zamakhotheshini nezimpendulo zazo.
	Amarejista okuvula ibhidi.
	Amaminithi emihlangano eyehlukene yaMakomidi Okubhida.
	Izincwadi eziya kwababhidayo abangaphumelelanga.
	Izincwadi zokuklonyeliswa ngezivumelwano ezahlukahlukene.
Ukuphatha	Amapholisi omshuwalense.
	Izinqubomgomo zenhlangano.
	Izivumelwano zokuqashisa.
	Isimo nezimbuyiselo zentela ze-IRBA.
	Imininingwane yabahlinzeki bezinsizakalo ezihlukahlukene enikeziwe, izinkontileka nezivumelwano zezimvume.

Imitapo Yolwazi Nezingodlamagugu	Imiqulu ehlanganisiwe yamaphephabhuku ahlukahlukene obuchwepheshe.
	Amafayela aqukethe ulwazi olungase lube nomthelela ku-IRBA noma imboni.
	Amafayela okusebenza amaqondana nezichibiyelo ze-APA, uhlu Lwemithetho Yokuziphatha kanye Nemithetho Yokuqondiswa Kwezigwegwe.
	Izithombe ezihlukahlukene zabantu nezindawo ezihambisana nomlando we-IRBA.
	Umqulu ofingqiwe womlando we-IRBA, owashi-cilelwa kugujwa iminyaka engama-50 ye-PAAB..
Ezabasebenzi	Imininingwane yomuntu siqu yamalungu ezisebenzi ewonke,, izicelo zenkokhelo yezokuthutha, amaphrofayili okuqondiswa kwezigwegwe.
	Imithetho yesikhwama sempesheni.

6.2 Ukuphenya

Izikhazazo	Izikhazazo ngezinsolo zokuziphatha okungafanele kwabacwangimabhuku ababhalisiwe kanye nemibhalo esekelayo.
	Ukuxhumana phakathi kwe-IRBA nabafakizikhazazo.
Ukuphenya	Ukuxhumana phakathi kwe-IRBA nama-RA.
	Amaphepha aphaathelene nophenyo.
	Imibhalo yangaphakathi.
	Uhlu lwamacala.
	Isehlwayo ngokusetshenziwa kwenhlawulo eyimali.
	Ama-invoyisi aya kuma-RA ezinhlawulo ezimali.
Ikomidi Lophenyo	Izincwadi zokuqokwa kwamalungu ekomidi.
	Imininingwane yamalungu ekomidi.
	Amaphuzu emihlangano namaqoqo emihlangano.
	Amarejista ababekhona..
	Amaminithi emihlangano yekomidi

	Ukuxhumana ngezincwadi, amamemorandamu, izethulo.
	Uhlu lwemithetho yokuziphatha olusayinwe amalungu eKomidi Lophenyo.
	Isifungo sezinzuzo esisayinwe amalungu eKomidi Lophenyo.
Ikomiti Lokuphoqelela Imithetho	
	Imininingwane yamalungu ekomidi.
	Amaphuzu emihlangano namaqoqo emihlangano.
	Amarejista ababekhona.
	Amaminithi emihlangano yekomidi
	Ukuxhumana ngezincwadi, amamemorandamu, izethulo.

6.3 Ihhovisi Lokubhaliswa/Ukulalelwa Kwemihlangano Yokuqondiswa Kwezigwegwe/Ukungafaneleki Okubikwayo Nomthetho

ISIHLOKO	IZIGABA ZOLWAZI
Izinkampani Ezibhalisiwe	Abacwaningimabhuku ababhalisiwe abaxhumene namafemu.
	Izicelo zokubhaliswa kwezinkampani ezintsha namagatsha.
	Imininingwano yokuxhumana.
	Ukubhalelana.
	Izinombolo zezinkampani.
	Amarejista nezitifiketi zezabelo.
	Ama-COR39.
	Ukuhlukaniswa kwenkampani ngokobuhlanga, ubukhulu kanye nesimo sesiqinisekiso.
	Amagatsha ezinkampani.
	Izifungo Zomsebenzi Wokuqinisekisa.
	Ukuguqulwa kwamagama ezinkampani.
	Ulwazi lwezibalo.
Ama-RA ngokuzimela	Izinkampani lapho ama-RA eqashwe khona kanye/noma abayilunga khona.
	Imininingwano yokuxhumana.

	Izinombolo zokubhaliswa.
	Izicelo zokubhaliswa kanye nokuchitshiyelwa kwesimo sokuqinisekiswa.
	Ukubhalelana.
	Isimo sokuqinisekiswa.
	Izimbuyiselo zonyaka.
	Isicelo sokubekwa kwe-RA yinkampani yangaphandle.
	Iminyaka yobudala, uhlanga, ubulili nolwazi lokuqinisekiswa.
	Ukuguqulwa kwezibongo.
	Ulwazi lwezibalo.
Izinqubo Zokuqondiswa Kwezigwegwe	Uhlu lwamacala.
	Izivumelwano zokuvuma amcala.
	Isaziso semihlangano yokulalelwa kwamacala.
	Amaqoqo obufakazi.
	Ukuxhumana phakathi kwamaqembu.
	Ukuxhumana kwangaphakathi.
	Ukudalula kwamalungu eKomidi Lokuqondisa Izigwegwe.
	Amarejista ababekhona kwimihlangano yokulalela amacala.
	Imiphumela yemihlangano yokulalelwa kwamacala.
	Imibhalo esuselwa emihlanganweni yokulalelwa.
	Izincwadi zamaminithi.
Ikomiti Lokuqondiswa Kwezigwegwe	Izincwadi zokuqokwa kwamalungu ekomidi.
	Imininingwane yamalungu ekomidi.
	Amaphuzu emihlangano namaqoqo emihlangano.(okungafaki izigcawu).
	Amarejista ababekhona.
	Amaminithi emihlangano yekomidi okungafaki izigcawu.
	Ukubhalelana.
	Uhlu lwemithetho yokuziphatha esayinwe ngaMalungu Ekomiti Lokuqondiswa Kwezigwegwe.
	IsiMemezelo Sokuzibophezela Esisayiniwe aMalungu Ekomiti Lokuqondiswa Kwezigwegwe.

Ukukhohlisa Ngegunya	Imininingwane yabantu okusolwa ukuthi bakhohlisa ngegunya noma abake bakhohlisa ngegunya ukuze baqokwe njengama-RA okungqubuzana neSigaba 41 se-APA, kanye nezincwadi namaphepha aphantelene nalokho.
Izinkinga Ezitholiwe Ezibikwayo	Imininingwane yazo zonke izinkinga ezitholiwe ezibikelwa i-IRBA ama-RA ngokuvumelana neSigaba 45 se-APA kanye nokubhalelana okuphathelele nazo.
	Uhlu lwababambiqhaza.
	Ukuxhumana nababambiqhaza.
Amacala Asenkantolo [amacala avulwe noma avulelwe i-IRBA]	Amaphepha asenkantolo kanye nezinqubo zayo.
	Ukuxhumana kwangaphakathi nokwangaphandle.
	Amaqoqo/nemiqulelo yobufakazi.
	Izinquqo kanye neimiyalelo yenkantolo.
Ezomthetho	Imibono ehlukeneyo yezomthetho kanye namaphepha ocwaningo.
Abakweleta	Izincwadi Zokuyalelwa.
	Ama-invoyisi nezitatimende.
	Ukuxhumana kwangaphakathi nokwangaphandle.

6.4 Ukuthuthukiswa Kwemfundo, Ukuqeqesha kanye Nobuchwepheshe

ISIHLOKO	IZIGABA ZOLWAZI
I-ADP	Umhlahlandlela ngolwazi lomsebenzi ngokuthi ungaba kanjani i-RA.
	Amafomu ezicelo zokubhalisa kwi-ADP.
	Umhlahlandlela nge-ADP.
	Uhlaka Lokufaneleka lwe-ADP.
	Abangahle babe abacwaningimabhuku ababhalisiwe.
	Ukuqaphela abacwaningimabhuku ababhalisiwe.
	Imininingwano yokuxhumana.
	Amafemu lapho abacwaningimabhuku ababhalisiwe begcwalisa i-ADP.
	Ukuxhumana okufanelekile nabacwaningimabhuku ababhalisiwe.
	Izicelo zokubhaliswa.

	Ukuqinisekiswa kokuqeda.
	Imibiko yenqubekelaphambili kanye namaPhothifoliyo yobufakazi (ama-PoE).
	Ukuhlolwa kwama-PoE yiphaneli.
	Imibiko yokuqapha eqinile.
	Umhlahlandlela ngolwazi lomsebenzi ngokuthi ungaba kanjani i-RA/uMgudu we-RA.
Ukuhlolwa Komsebenzi Womphakathi	Imiphumela yabafundi (ukuphasa/ukufeyila).
Ukuqiniswa.	Imodeli Yokugunyazwa, kubandakanya uHlaka Lokusebenza.
	Imininingwane yezinhlangano ezisemthethweni eziqinisekisiwe.
	Ifomu lesicelo sokuqinisekiswa.
	Izicelo zokuqinisekiswa kanye nezethulo zokuqashwa izinhlangano ezisemthethweni.
	Ukuxhumana okufanele nezinhlangano ezisemthethweni.
Ukuqhubeka Nokuthuthukiswa Kochwepheshe	Inqubomgomo ye-CPD (izinqubomgomo zangonyaka we-2014 nezonyaka we-2020, ngokulandelana).
	Umhlahlandlela weNqubomgomo ye-CPD yangonyaka we-2020.
	Ukuxhumana okufanelekile nama-RA akhethelwe ukuqapha i-CPD.
Ukuqeqesha	Imininingwane yabaqeqeshwa abaqedayo, noma labo asebebothule, izinkontileka zabo zokuqeqeshwa.
Amakhono Abalulekile	Izincwadi ezifanele zokubhalelana nabantu bamazwe angaphandle okuhlobene nokuqinisekiswa kwenhloso yabo yokufunda ukuze babe ama-RA, ngezinjongo zokufaka izicelo ze-visa.
IKomidi Lezemfundo Namakomidi awumxhantela	Izincwadi zokuqokwa kwamalungu amakomidi.
	Imininingwane yamalungu amakomidi.
	Amaphuzu emihlangano namaqoqo emihlangano.
	Irejista yababekhona.
	.

	Ukuxhumana ngezincwadi, amamemorandamu, izethulo.
	Amaminithi emihlangano yamakomidi namakomidi awumxhantela.
	Imithetho yokuziphatha esayinwe amalungu eKomidi lezemfundo namakomidi awumxhantela.
	Isimemezelo Sentshisekelo esayinwe amalungu eKomidi Namakomijana Ezemfundo.

6.5 Ukuphenya.

ISIHLOKO	IZIGABA ZOLWAZI
Ama-RA namafemu ngamanye	Izinsuku zokuphenya.
	Amafayela ophenyo.
	Imibiko yophenyo.
	Ulwazi lweNgozi/Ubuhlakani Bomsebenzi.
	Ulwazi lwezinyathelo zokulungisa isimo.
Imihlangano yokucobelelana ngolwazi yoPhenyo Namazinga Ocwaningomabhuku	Amapheshana namaslayidi.
Ikomidi Lophenyo	Izincwadi zokuqokwa kwamalungu amakomidi.
	Imininingwane yamalungu amakomidi.
	Imibhalo namaqoqo emihlangano.
	Irejista yababekhona.
	.
	Imibhalo yemihlangano yamakomidi
	Ukuxhumana ngezincwadi, amamemorandamu, izethulo.
	Imithetho yokuziphatha esayinwe amalungu eKomidi Lophenyo.
	Isimemezelo Sentshisekelo esisayinwe ngamalungu eKomidi Lophenyo.

6.6 Amazinga

ISIHLOKO	IZIGABA ZOLWAZI
Izimemezelo Zocwaningomab huku Ezikhishiwe	Isimo Nokugunyazwa Kwezimemezelo kanye Nenqubomgomo Yenqubo Edingeka Ngayo.
	IKomidi lamasu amazinga Ocwaningomabhuku kanye nobulungu.
	I-IAASB Handbook Yokulawulwa Kwekhwalithi, Yokucwaninga Amabhuku, Yokubuyekeza, Okunye Ukuqinisekisa, kanye Nezinsizakalo Ezihlobene Nakho Izimemezelo – uMqulu I, II kanye no-III.
	Amazinga aseNingizimu Afrika Ngokuhlanganyela Ngesiqiniseko.
	Izitatimende Zenqubo Yokuqinisekisa YaseNingizimu Afrika
	Imihlahlandlela
	Ukuqwashiswa Ngenqubo Yocwaningomabhuku Lwabasebenzi
	Imibiko ekhombisa umcwaningi-mabhuku nemibiko yesiqinisekiso.
	Ukuxhumana.
	Umbhalo weziphakamiso okhishelwe ukuphawula komphakathi kanye nezincwadi zokuphawula komphakathi ezamukeliwe
Izimemezelo Zenkambiso Enhle Ezikhishiwe	IMithetho Mayelana Nokuziphatha Okungafanele.
	Imithetho ye-IRBA Yokuziphatha Komsebenzi Wabacwaningimabhuku Ababhalisiwe.
	IKomidi lobulungu be-Auditor Ethics.
	I-IAASA Handbook Yemithetho Yenkambiso Enhle Yabagcinima-akhawunti Abasemthethweni.
	Ukuxhumana.
	Izincwadi zokudalula ezikhishelwe ukuphawula nezincwadi zokuphawula zamukelwe
Izinkinga Ezitholiwe Ezibikwayo	Umhlahlandlela Wezinkinga Ezitholiwe Ezibikwayo.
	Izincwadi ezingamathempulethi
IKomidi Lamazinga Ocaningomabhuku (i-CFAS) kanye Nekomidi	Izincwadi zokuqokwa kwamalungu amakomidi.
	Imininingwane yamalungu amakomidi.
	Amphuzu emihlangano namaqoqo emihlangano.
	Irejista yababekhona.

Lokuziphatha Kwabacwaningimabhuku (i-CFAE)	.
	Amaminithi emihlangano yamakomidi
	Ukuxhumana ngezincwadi, amamemorandamu, izethulo.
	Imithetho yokuziphatha esayinwe amalungu e-CFAS nawe-CFAE.
	Isifungo sezinzuzo esisayinwe amalungu e-CFAS nawe-CFAE.

6.7 Okunye

ISIHLOKO	IZIGABA ZOLWAZI
Amarekhodi Ahlukahlukene Agcinwe Ngokuvumelana noMthetho Wokulingana Emsebenzini wama-55 wonyaka we-1998, njengoba uchitshiyelwe. Izidingo	UMthetho Womsebenzi Wokucwaningwa Amabhuku wama-26 wonyaka we-2005, njengoba uchitshiyelwe.
	noMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomphakathi woku-1 wonyaka we-1999
	UMthetho Wokulingana Emsebenzini wama-55 wonyaka we-1998, njengoba uchitshiyelwe.
	UMthetho Wezimo Eziyisisekelo Zokusebenza wama-75 wonyaka we-1997, njengoba uchitshiyelwe.
	UMthetho Wokuthuthukiswa Kwamakhono wama-97 wonyaka we-1998, njengoba uchitshiyelwe.
	UMthetho Wesikhwama Somshwalense Wabangasebenzi wama-63 wonyaka we-2001, njengoba uchitshiyelwe.
	UMthetho Wemigalelo Yomshwalense Wabangasebenzi wesi-4 wonyaka we-2002, njengoba uchitshiyelwe.
	UMthetho Wezempilo Nokuphepha Emsebenzini wama-85 wonyaka we-1993, njengoba uchitshiyelwe.
	UMthetho Wokuhlonyiswa Kwabamnyama Kwezomnotho Ngokubanzi wama-53 wonyaka we-2003, njengoba uchitshiyelwe.

6.8 Ulwazi Oluhlobene ne-POPIA [Isahluko se-14(1)(c)]

Ngokwe-POPIA i-IRBA kufanele ihlinzeke Abanikazi Bolwazi² ngencazelo yolwazi lomuntu siqu esilucubungulayo, ukuthi kungani lucutshungulwa, nokuthi obani okungabelwana nabo ngalolu lwazi, futhi imininingwane ichazwe ngezansi:

6.8.1 Ulwazi lomuntu siqu olucutshungulwe yi-IRBA

Uhlobo lolwazi lobuqu olucutshungulwa yi-IRBA luzoncika enhlosweni oluqoqelwa yona.

I-IRBA izodalulela izihloko zomningo ukuthi kungani ulwazi lobuqu luqoqwa futhi izocubungula ulwazi lobuqu ngaleyo nhloso kuphela, okwenziwa ngaphansi kwezaziso eziqondile nezilandayo zokucubungula ezifakwe kusizindalwazi se-IRBA.

Ngezansi kunohlu lolwazi lobuqu olucutshungulwa yi-IRBA, kubandakanya nesigaba sezihloko zomningo eziyingxenywe yaso. Ulwazi oluhlinzekwe ngaphansi kwalesi sahluko lubhekisela ezigabeni ezibanzi zolwazi futhi aluphelele.

Abantu abaphilayo	Amagama; imniningwano yokuxhumana; amakheli endawo naweposi; usuku lokuzalwa; inombolo kamazisi (ye-ID); ulwazi oluhlobene nentela; ubuzwe; ubulili; izincwadi eziyimfihlo.
Umuntu ongokomthetho / nezihlangano	Amagama abantu okuxhunanwa nabo; igama leNhlanguano Esemthethweni; ikheli lendawo neleposi kanye nemininingwane yokuxhumana; ulwazi lwezezimali; inombolo yokubhaliswa; imibhalo yokusungula; imininingwane ephathelene nokuphathwa nobunikazi bezinhlangano

² Umuntu noma isigungu esingokomthetho esiwumnikazi wolwazi lomuntu siqu.

Abantu bakwamanye amazwe / izihlangano	Amagama; imininingwane yokuxhumana; ikheli lendawo neleposi, nelolwazi lwezezimali; usuku lokuzalwa; izinombolo zencwadi yokuvakasha; uwazi olumayelana nentela; ubuzwe; ubulili, ukuxhumana okuyimfihlo; izinombolo zokubhaliswa; imibhalo yokusungula; imininingwane ephathelene nokuphathwa nobunikazi bezinhlangano
Ama-RA	Abantu abaphilayo: amagama; imininingwane yokuxhumana; amakheli endawo naweposi; usuku lokuzalwa; inombolo kamazisi (i-ID); ulwazi oluhlobene nentela; ubuzwe; ubulili; izincwadi eziyimfihlo; umlando wokusebenza, iziqu, ukuziphatha kobugebengu kanye/noma amarekhodi obugebengu
Amafemu Abacwaningomabhuku	Amagama abantu okuxhunyanwa nabo; igama leNhlangothi Esemthethweni; ikheli lendawo neleposi kanye nemininingwane yokuxhumana; ulwazi lwezezimali; inombolo yokubhaliswa; imibhalo yokusungula; imininingwane ephathelene nokuphathwa nobunikazi bezinhlangano
Amalungu Ebhodi, Abaphathi, Amalungu Ekomidi, Abasebenzi kanye nezingxeye ezihlobene nakho	Amagama, imininingwane yokuxhumana; amakheli asekuhlaleni naweposi; usuku lokuzalwa, inombolo kamazisi (i-ID); ubulili, ukukhulelwa; isimo somshado; ubuhlanga, iminyaka yobudala, ulimi, ulwazi lwezempilo; ulwazi lwezezimali; umlando wokusebenza; isihlobo; amagama ezingane, ubulili, ubudala, ikheli lendawo kanye neleposi; imibono, ukuziphatha kobugebengu kanye/noma amarekhodi obugebengu; inhlalakahle; izitshisekelo zangaphandle zezohwebo; ulwazi lwezempilo
Abasebenzisi bewebhusayithi/ Abasebenzisi bokugcina bohlelo lokusebanza.	Amagama, isihlonzi se-elethronikhi sedatha: ikheli le-IP, idatha yokungena, amakhukhi, idatha yokwenziwa kwasendaweni ngogesi; imininingwane yeselula, idatha ye-GPS.

6.8.2 Ukwabelana ngolwazi lobuqu

I-IRBA ingahle inikeze ulwazi lobuqu kwabangahle babe abamukeli, uhlu olungaphelele:

- a) Ibhodi Namakomidi e-IRBA;
- b) Abaphathi be-IRBA;
- c) Abasebenzi be-IRBA;
- d) Abasebenzisi be-IRBA;
- e) Ababambiqhaza be-IRBA;
- f) Isiphathimandla Esiphethe se-IRBA;
- g) Abalawuli kanye nezinhlanga zikahulumeni; futhi
- h) Abanye abamukeli bezinkampani zangaphandle

6.8.3 Ukuhwebelana okweqa imingcele yamazwe

I-IRBA ingadalula ulwazi lobuqu olucutshungulwe yiyo kunoma iziphi izinhlangano ezisebenzisana nayo noma kubahlinzeki bosizo bezingxenye zesithathu ezingaphandle kweNingizimu Afrika, ezibandakanya nazo ebhizinisini noma labo osizo lwabo noma imikhiqizo yabo ekhetha ukuyisebenzisa, kubandakanya nezinsizakalo zeklawudi ezisingathwa ezindaweni zamazwe ngamazwe.

Ulwazi lobuqu lungaphinde ludalulwe lapho i-IRBA inomsebenzi osemthethweni noma inelungelo elingokomthetho lokwenza kanjalo.

I-IRBA, mayelana nalokhu, izozama ukungena ezivumelwaneni ezibhaliwe ukuze iqinisekise ukuthi ezinye izinhlangano zithobela i-POPIA kanye nezidingo zobumfihlo nezimfihlo ze-IRBA. Incazelo ejwayelekile yezinyathelo zokuphepha kolwazi I-IRBA isebenzisa izinyathelo ezifanele, ezinengqondo zobuchwepheshe kanye nenhlangano ukuvimbela ukulahleka, ukulimala, noma ukucekelwa phansi okungagunyaziwe kolwazi lomuntu siqu kanye nokufinyelela okungekho emthethweni noma ukucutshungulwa kolwazi lomuntu siqu.

6.8.4 Incazelo ejwayelekile yezinyathelo zokuphepha kolwazi

I-IRBA isebenzisa izinyathelo ezifanele, ezizwakalayo zobuchwepheshe kanye nezenhlangano ukuvimbela ukulahleka, ukulimala, noma ukucekelwa phansi okungagunyaziwe kolwazi lobuqu kanye nokuvimbela ukufinyelela noma ukucutshungulwa kolwazi lobuqu okungekho emthethweni. Lezi zinyathelo

zibandakanya okulandelayo:

- a) Amathuluzi Okuqapha Ukuphepha (amafayawoli);
- b) Uhlelo lokuvikela ubuxhakaxhaka kanye nezinqubo zokuvuselela;
- c) Ukulawula ukufinyelela okunengqondo nokubonakalayo;
- d) Ukuhlelwa okuvikelekile kokusebenza kwengqalasizinda zobuchwepheshe bolwazi ze-IRBA; kanye

Abahlinzeki bosizo bangaphandle abanenkontileka yokusebenzisa izilawuli zokuphepha kanye/noma bahlinzeke ngezindawo ezivikelekile zokugcina amarekhodi.

6.8.5 Isicelo

Izihloko Zomningo zinelungelo lokhu:

- a) ukucela ukulungiswa, ukucishwa noma ukucekelwa phansi kolwazi lwabo lobuqu, efomini elimisiwe, okuyifomu elifakwe lapha ngaphansi kweNgxenye D futhi elimakwe iFomu lesi-2.
- b) Inhloso
- c) ekucutshungulweni kolwazi lwabo lobuqu besebenzisa ifomu elimisiwe, elifakwe lapha ngaphansi kweNgxenye D futhi elimakwe iFomu loku-1.

Nanoma yisiphi isicelo sokufinyeleleka kolwazi lomuntu siqu ngokwezinhlinzeko ze-POPIA, kufanele senziwe ngokuhambisana nemibandela ebekwe ngaphansi kwale Manuwali ye-PAIA. (Bheka isigaba sesi-5 ngenhla)

7. UKUDALULA NGOKUZENZAKALELAYO NGOKWESAHLUKO SE-15 SOMTHETHO

Lezi zigaba zolwazi ezilandelayo zitholakala ngokuzenzakalelayo e-IRBA, ngaphandle kokuthi umuntu afake isicelo ngokusemthethweni ukufinyelela ngokoMthetho.

7.1 Abaphathi

Ulwazi	Izindleko
Incwadi yolwazi (isifanekiso sobuchwepheshe)	Mahhala
Izindaba ze-IRBA	Mahhala
Imibiko Yonyaka	Mahhala

7.2 Ezomthetho

Ulwazi	Izindleko
Amarejista obulungu (acashunwe ku-)	Mahhala
Amarejista amafemu (acashunwe ku-)	Mahhala
Izincwadi zokuqinisekisa ukubhaliswa	Mahhala
Umhlahlandlela wezinkinga Ezitholiwe Ezibikwayo , imibiko yonyaka kanye namafomu ezincwadi	Mahhala
Imibiko Yokuphoqelesa	Mahhala

7.3 Ezemfundo Nokuqeqeshwa

Ulwazi	Izindleko
Imodeli Yokuqinisekiswa	Mahhala
Umhlahlandlela Wabaqokelwe i-ADP nenqubo yomsebenzi wama-RA	Mahhala
Uhlaka Lokufaneleka	Mahhala
Inqubomgomo ye-CPD kanye noMhlahlandlela wokusetshenziswa kweNqubomgomo ye-CPD	Mahhala

7.4 Amazinga

Ulwazi	Izindleko
Ukumenyezela kocwaningomabhuku kanye nokusalungiswa okusobala	Mahhala
Ukumenyezela kwenkambiso enhle kanye nokusalungiswa okusobala	Mahhala

7.5 Ukuhlola.

Ulwazi	Izindleko
Umbiko Wokuhlola Komphakathi .	Mahhala
Amasu Omjikelezo Wokuhlola nenqubo	Mahhala

Umbiko Wezinkomba Zekhwalthi Yokuhlolwa Kwamabhuku (i-AQI)	Mahhala
--	---------

8. INCAZELO YEZINSIZAKALO EZITHOLAKALA KUMALUNGU OMPHAKATHI KANYE NOKUTHI UNGAFINYELELEKA KANJANI KULEZO ZINSIZAKALO [isahluko se-14(1)(b)(iv)]

Izinsizakalo ezilandelayo ziyatholakala emphakathini zivela kwi-IRBA:

USIZO LOMNYANGO		UKUTHOLA KANJANI UKUFINYELELEKA KULOLU SIZO
8.1 Ezabaphathi	Usizo kumalungu omphakathi ngendlela yokuthola ukushicilelwa okwehlukene kweBhodi (okungukuthi, uMbiko Wonyaka, uMbiko Odidiyelwe, Izindaba ze-IRBA).	Izicelo zingenziwa ngokubhala; kungenjalo thintana nehhovisi ngokuqondile noma ufinyelela kwisizindalwazi se-IRBA.
8.2 Ezomthetho	Usizo kumalungu omphakathi ngemibuzo ejwayelekile mayelana nesimo sokubhaliswa kwama-RA kanye namaferu e-RA.	Imibuzo ingabuzwa ngomlomo mathupha noma ngocingo. Uma kungenjalo, imibuzo ingathunyelwa ngokubhala noma ulwazi lungatholakala kusizindalwazi se-IRBA.
	Ukushushiswa kwezikhalazo zokuziphatha okungafanele kwama-RA.	Izithangami zokkulalelwa kokuqondiswa kwezigwegwe zivulelekile kumphakathi. Izinsuku zokulalelwa okuhleliwe zingatholakala kusizindalwazi se-IRBA.
	Izikhazazo zokukhohlisa	Izikhazazo zingafakwa yinanoma iyiphi i-RA, ifemu, ilungu lomphakathi, isosesheni noma inhlangano, ngokubhala, isikhazazo uma ikholelwa ukuthi ongabhalisiwe njengomcwani mabhuku wenza lokho.
	Usizo oluya emalungwini omphakathi ngemibuzo ejwayelekile mayelana nokungafaneli okubikwayo.	Imibuzo ingenziwa ngomlomo mathupha noma ngokubhala nge-imeyili.

8.3 Ezokuphenya	Usizo olunikezwa amalungu omphakathi anemibuzo ejwayelekile mayelana nokuziphatha kwe-RA.	Imibuzo ingenziwa ngocingo noma nge-imeyili.
	Ukuphenywa kwezikhalazo zokuziphatha okungafanele kwama-RA.	Nanoma iliphi ilungu lomphakathi, noma ifemu ingafaka isikhalazo nge-RA, uma ikholelwa ukuthi i-RA inecala lokuziphatha okungafanele. Lokhu kufanele kube ngendlela yencwadi efungelwe yokuqala. Izikhalo zibe seziphenywa bese zethulwa eKomitini Eliphenyayo, okuyilona elidingidayo bese lincoma imiphumela eKomidini Lokuphoqelela. IKomidi Lokuphoqelela lithatha izinqumo zokugcina ngemiphumela bese isidluliselwa emaqenjini athintekayo.
8.4 Ezokuthuthukiswa kwemfundo, ukuqeqeshwa kanye nobuchwepheshe	Usizo kumalungu omphakathi ngemibuzo ejwayelekile mayelana nemfundo, ukuqeqeshwa kanye nezidingo zokuhlola ukubhaliswa njenge-RCA noma i-RA. Ukuqinisekiswa kwenhloso yokufunda nokubhalisa njenge-RA ngezihloso zezicelo ze-visa (okungebona abahlali).	Imibuzo ingaphendulwa ngocingo, ngokubhala, noma ngokungena kusizindalwazi se-IRBA. Izicelo zingenziwa ngokubhaliwe kuphela ngabantu okungebona abahlali abahlose ukulandela umsebenzi wama-RA ukuze baqinisekise isigaba sohlelo abaluqedile kanye nezidingo ezisele zokubhalisa njenge-RA, ngenhloso yezicelo zabo ze-visa.

8.5 Amazinga	Ukukhishwa Kwezimemezelo Zokuhlolwa Kwamabhuku.	Imibuzo ingathunyelwa ngocingo, ngokubeka isikhathi, ngokubhala, noma ngokungena kusizindlwazi se-IRBA.
	Usizo kumalungu omphakathi ngemibuzo ejwayelekile mayelana namazinga ocwaningomabhuku, izimiso zokuziphatha komcwaningi-mabhuku (imibuzo emayelana neMithetho Yokuziphatha Kochwepheshe).	Imibuzo ingabhekiswa ngocingo, ngokubeka isikhathi, ngokubhala, noma ngokungena kusizindlwazi se-IRBA.
